



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**2015**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-7.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka (lungaba imephu/idayagramu, ishadi lemicabango, amagama asemqoka njil). Fundisia bese ulungisa amaphutha emsebenzini wakho.
6. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
 

ISIQEPHU A: amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: amaminithi angama-30
8. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhagini lwalo lodwa.

- 1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi:  
Ekugcineni Ngakwazi Ukuthatha Isinqumo Esifanele. [50]
- 1.2 Bhala indaba ngesihloko esithi:  
Wonke Umuntu Unayo Imfihlo Yakhe. [50]
- 1.3 Kuningi okufisayo ngekusasa lakho, ufunu ukuphila impilo engcono kakhulu.  
  
Bhala indaba ngesihloko esithi:  
Leli Yiphupho Lami. [50]
- 1.4 Bhala indaba ngesihloko esithi:  
Abesifazane Benza Kangcono Kwezamabhizinisi. [50]
- 1.5 Bhala indaba ngesihloko esithi:  
Ubuhle Nobubi Bokukhuliswa Ngabazali Okungesibona Abakho. [50]
- 1.6 Bukisia lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe kuDiscovery Magazine 2013]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-[www.worldsport.com](http://www.worldsport.com)]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-[www.disaster.com](http://www.disaster.com)]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** 50

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1 Incwadi yobungani**

Udadewenu/Umfowenu ohlala eMelika ukuthengele izicathulo ozoziggoka ngosuku lomcimbi wokuvaleliswa kwabafundi bebanga le-12. Bhala **incwadi** umbonge ngalokhu akwenzele kona.

[30]

**2.2 Umlando ngomufi**

Umzala wakho uminze/ugwilize edamini ngenkathi nibhukuda. Utholakale ntambama eseshonile. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ngoba nikhule ndawonye. Bhala **umlando ngomufi**.

[30]

**2.3 I-athikhili yephephandaba**

Abantu abasagqoki ngendlela ekhombisa inhlonipho uma beya enkonzweni yomngcwabo. Bhala **i-athikhili yephephandaba** uveze umbono wakho ngalokhu.

[30]

**2.4 Inkulomo elungiselelw**

Zonke izinsuku abafundi abaningi basesikoleni ofunda kusona bafika insimbi yokunzena isikhali. Lokhu kuphazamisa ukufunda nokufundisa. Bhala **inkulomo elungiselelw** ozoyethula kubo bonke abafundi njengoba unguMphathi Omkhulu (RCL President) wabo.

[30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:**

30

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**3.1 Ikhadi lesimemo**


Ekhaya nizoba nomcimbi wokubonga abazali ('Thanksgiving') ngokunikhulisa kahle. Bhala **ikhadi lesimemo** elizosetshenziswa ukumema abantu. [20]

**3.2 Idayari**

Udadewenu uzobe eshada ngoMqqibelo, ukucele ukuba umsize ngokumentzisa amalungiselelo kusukela ngoMsombuluko kuze kube uLwesihlanu. Bhala **idayari** yezinsuku eziyisi-5 yezinto enizobe nizenza mayelana namalungiselelo omshado. [20]

### 3.3 Inkombandlela

Indodana yakho isuka e-Station Rd iya e-Club House. Sebenzisa le inkombandlela elandelayo ukuyiyalela ulandela imicibisholo.



[Sicashunwe ku-[www.maps.com](http://www.maps.com)]

[20]

AMAMAKI ESIQEPU C: 20  
AMAMAKI ESEWONKE: 100